

## ubuNtu\*

Aya ngokwanda mazwi emphakathini muva-nje

- kakhulukazi kubacwaningi nakubahlaziyi kwezolwazi ngokubhobokelana nokwethekelelana nobudlelwano [*knowledge-systems concerning communication, exchange of perceptions and interconnectedness*] kanye nabakwezombusazwe (abezopolitiki) –

ababalisa ngokubaluleka kobiNtu –

okuyingqondo nenqubo –

ephakamisa

°ukuzithanda luqobo lwakho

°isimilo

**°ukwazisana nokubonelelana.**

Ingqondo nomoya wobuNtu

ngokwendabuko

kanti futhi kukhuthalelwwe kakhulukazi eMzansi-Afrika<sup>2</sup>

°ekhaya, kwabomndeni, ezihlotsheni,

°kubangani, kontanga

°komakhelwano,

°emphakathini jikelele.

Ikakhulukazi ebunzimeni nasezinxushunxushwini, ezingxabanweni zombango nasezikathini zodweshu nezezimpi

aquamuka ngokwandile amazwi akhumbuzana ngokubaluleka kobiNtu

kanye nagququmezelu ngesidingo sokukhumbuzana nokukhuthazanelana ubuNtu.

„Umuntu ngumuNtu ngabaNtu“

„INkosi yiNkosi ngabaNtu“ ...

EMzansi-Afrika, eYurophu, eMelika nakwezinye izingxenye zomhlaba ayanda muva-nje amazwi abalisa ngokubaluleka kobiNtu kanye nagququmezelu ngesidingo sokukhumbuzana nokukhuthazanelana ubuNtu.

°Kwenziwa yini lokho? [Asuswa yini phansi? Ahloseni? Ayecashephi sonke lesi sikhathi, njengoba eseqlamuka namuhla-nje?]

**°Kuhlosweni?** [kwabamaqembu ezopolitiki, kubacwaningi nakubahlaziyi kwezolwazi nasemphakathini jikelele?]

Sihlongoza ingxoxo okufanele kubhekiswane kuyo ngengqondo nangenqubo yokwazisana nokubonelelana eyaziwa ngokuthi „**ubuNtu**“, kucotshelewane ulwazi eshashalazini elibanzi, kucetshiswane ngamasu ubuNtu obungavuselelwa buchunyiswe ngawo emphakathini jikelele.

nguDkt uBheni wakwaKhumalo eBaQulusini  
eKwaMachanca/eJalimane [Dr Ben Khumalo-Seegelken]  
[osoBanjiswaneni lokuKhuthaza ukuKhulunywa nokuBhalwa kwesiZulu eMphakathini](#)  
04.09.2010

---

\***QAPHA:** Indlela eqondile yokulotshwa kwaleli bizo ithi „ubuNtu“; isiphongozo „ubu-“, nesiqu „-Ntu“ kuxhumana kwakhe ibizo elaziwa ngezindlela eziningi ezahlukene: ngesiSuthu „-Botho“; ngesiLathini „humanitas“; ngesiJalimane „[bedingungslose] Mitmenschlichkeit“; ngesiNgisi „,[unconditional] humanness“.

<sup>2</sup>Emazweni aseAfrika angezansi kwenaba yomhlaba phakathi koLwandlekazi oluseMpumalanga [Indian Ocean] noLwandlekazi oluseNtshonalanga [Atlantic Ocean]: eAngola, eBotswana, eKhongo, eLesotho, eMalawi, eMozambikhi, eNamibia, eNingizimu-Afrika, eSwazini, eThanzaniya,eZambiya naseZimbabwe.